
# IBhayibheli LaBantwana
Likulethela



# UDavide Inkosi
# (Ingxenye 2)


Ibhalwe ngu: Edward Hughes

Kwabonakala ngu: Lazarus; Alastair P.

Ifanekiswe ngu: Ruth Klassen

Itolikwe ngu: Goodwill Sithembiso Gwala



Ikhiqizwe ngu: Bible for Children


www.M1914.org



©2025 Bible for Children, Inc.
iLayisensi: Abantu bangazithathela noma bephrinte izinto kulendaba egunyazwe ngokomthetho kodwa akumele bazidayise.




UDavide wayeyinkosi yakwaJuda, eningizimu yakwa-Israyeli. Kepha abanye bakwa-Israyeli bathatha u-Ishi Bosheti, indodana kaSawule, waba yinkosi. Impi yombango yathatha iminyaka eyisikhombisa. Kodwana uDavide wakhula waba namandla.




Ekugcineni inkosi u-Ishi Bosheti yabulawa ngamasosha ayo amabili.




3

Bese zonke izizwe zaka-Israyeli zeza kuDavide futhi zamugcoba ukuba abe inkosi phezu kwe-Israyeli yonke. Ekugcineni, uDavide waba inkosi phezu kwezizwe zonke.




4

Into yokuqala iNkosi uDavide eyayenza kwaba ukuthumba iJerusalema. Yabizwa ngokuthi uMuzi KaDavide. Walakha kabusha laba yinqaba ezitheni. EJerusalema, ibutho likaDavide laphuma ukuze liyonqoba amaFilisti nezinye izitha zika-Israyeli.




5

Ngokulandelayo, iNkosi uDavide yaletha umphongolo kaNkulunkulu eJerusalema. Umphongolo kaNkulunkulu wawunamakhophi emithetho eyishumi neminye imithetho eyanikezwa uMose nguNkulunkulu. Umphongolo wawukhumbuza ama-Israyeli ngobungcwele bukaNkulunkulu nesidingo sokumlalela.



6

UDavide kwadingeka alwe izimpi eziningi eminyakeni yokuqala yokubusa kwakhe. Wayeyisosha elihlakaniphile futhi eyindoda ethobekile ethandazela isiqondiso sikaNkulunkulu.




7

Kwamkhathaza uDavide ukuthi wayenendlu enhle ayehlala kuyo kuyilapho umphongolo kaNkulunkulu usahlala etendeni. UDavide wanquma ukwakha ithempeli. UNathani, umprofethi kaNkulunkulu, wamtshela ukuba aqhubeke.



8



Ngalobobusuku, uNkulunkulu wathumela umyalezo kuDavide, "Nceku yami Davide, UJEHOVA uyakukwakhela indlu, lapho izinsuku zakho seziphelile, usuphumula koyihlo, ngiyakumisa indodana yakho ibe yinkosi emva kwakho. indlu yegama lami, futhi ngiyakuqinisa isihlalo sobukhosi sombuso wayo kuze kube phakade."

9




UDavide wayefuna ukusiza noma yibaphi abasindile bomndeni kaSawule. Wathola indodana kaJonathani kuphela, uMefibhosheti, ekhubazekile. "Uyakudla etafuleni lami njengenye yamadodana enkosi," kusho uDavide. UDavide wayenomusa kuMefibhosheti ngoba uJonathani wayengumngane wakhe omkhulu.

10




Njengoba nje uDavide wayemethemba uNkulunkulu futhi emlalela, uNkulunkulu wamsiza uDavide ukuba aphumelele. Kodwa ngolunye usuku, kwavela ithunzi elibi ekuphileni kukaDavide. Wathuma ibutho lakhe ukuba liyokulwa, yena wahlala eJerusalema.

11



Ngobunye ubusuku, akakwazanga ukulala. Ngakho wahamba phezu kophahla lwakhe wabuka ngaphandle komuzi.

12



UDavid wabona owesifazane omuhle egeza. Igama lakhe kwakungu Bati Sheba. UDavide wona noBati Sheba nakuba umyeni wakhe, u-Uriya, ayengomunye wamasosha kaDavide anesibindi. Lapho uBati Sheba kamuva etshela uDavide ukuthi wayezoba nengane yakhe, uDavide wayazi ukuthi isono sakhe sasidala izinkinga ezengeziwe.

13



Kunokuba avume isono sakhe kuNkulunkulu, uDavide wazama ukufihla isono sakhe. Lokho akusebenzi neze! Wabizela u-Uriya ekhaya evela enkundleni yempi, enethemba lokuthi u-Uriya wayezocabanga ukuthi umntwana ozayo ngowakhe. Kodwa u-Uriya wayengahlali ekhaya lapho amasosha ayekanye naye esempini. U-Uriya walala ngasemnyango wendlu yenkosi.

14

Ngakho uDavide wenza okubi nakakhulu. Wabuyisela u-Uriya enkundleni yempi nencwadi. Incwadi yatshela ujenene ukuba aqinisekise ukuthi u-Uriya ufela empini. Lapho u-Uriya ebulawa, uDavide wathatha uBati Sheba ukuba abe umkakhe.



15

UNkulunkulu wathuma inceku yakhe, uNathani, ukuba ibonise uDavide isono sakhe. UNathani waxoxela uDavide indaba yendoda ecebile nempofu kakhulu. Indoda ecebile yayinezimvu ezingamakhulu. Kodwa indoda empofu yayinewundlu elilodwa kuphela, eyayilazisa njengendodakazi.




16

Lapho isihambi sifika endodeni ecebile, le ndoda ecebile ayizange ibulale neyodwa yezimvu zayo ukuze imphakele. Kunalokho, wathatha iwundlu lomuntu ompofu walibulala.




17



UDavide wathukuthela ngenxa yobugovu bale ndoda ecebile. Wamemeza wathi: "Lo muntu owenze lokhu uyakufa nokufa."

18

"Nguwe ndoda!" uNathani watshela uDavide. Okwakwenziwe nguDavida kwakubi kakhulu ukwedlula lokho okwakwenziwa yindoda eyisicebi endabeni.






19

UNkulunkulu wabonisa uDavide ukuthi wayemubi kangakanani. UDavide wazisola ngesono sakhe. Wathi kuNkulunkulu: "Ngonile kuwe, ngenza lobu bubi." Futhi uNkulunkulu wasithethelela isono sikaDavide. Kodwa umntwana kaBati Sheba wayegula kakhulu, wafa ngemva kokuzalwa.



20



UNkulunkulu wamthethelela uDavide ngesono sakhe esibi. Ngemva kwalokho uBati Sheba waba nomunye umntwana, uSolomoni, owayezoba inkosi enkulu ngemva kukaDavide. Kodwa iNkosi uDavide yayinabanye abantwana abaningi, abanye babo ababeyidabukisa kakhulu.



UDavide Inkosi (Ingxenye 2)

Indaba evela kwiZwi laNkulunkulu, iBhayibheli,

Itholakala

2 Samuweli 1-12

"Ukwambulwa kwaMazwi Akho kuyakhanyisa."
AmaHubo 119:130



# Yaphela

21 60



Lendaba yeBhayibheli isitshela ngoNkulunkulu wethu uyisimanga owasidala futhi ofuna ukuthi wena wazane Naye.

UNkulunkulu uyazi ukuthi senze izinto ezimbi, Azibiza ngesono. Isigwebo sesono ukufa, ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana Yakhe ezelwe yodwa ukuba izosifela esiphambanweni igwetshelwe izono zethu. UJesu wase evuka ekufeni wanyukela ezulwini ekhaya lakhe! Uma ukholwelwa kuJesu futhi uma Umcela ukuthi akuthethelele izono zakho, Uzokwenza lokho! Uzoza ezophile ngaphakathi kwakho manje, futhi uzophila Naye kuze kube ingunaphakade.

Uma ukholwa ukuthi iqiniso leli, ithi kuNkulunkulu:
Nkosi Jesu, Ngiyakholwa ukuthi wena unguNkulunkulu, futhi wehla ezulwini waba inyama ukuze ufele izono zami, wavuka ekufeni usuyaphila futhi. Ngicela ungene empilweni yami ungithethelele izono zami, ukuze ngizokwazi ukuba nempilo entsha, ukuze ngiyokwazi ukuba Nawe kuze kube phakade. Ngisize ukuba ngilalele Wena futhi ngiphilele Wena njengomntwana Wakho. Ameni.

Funda iBhayibheli futhi khuluma noNkulunkulu nsuku zonke! Johane 3:16